## UPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA

**UMTHETHONQUBO NGOKWESIGABA 70(4) SOMTHETHO WEZENTELA, 2011 (UMTHETHO WAMA-28 WEZI-2011) OSHAYWA NGAPHANSI KWESIGABA 257 SALO MTHETHO, OGAGULA IZINHLAKA ZOMBUSO NOMA IZIKHUNGO ISIPHATHIMANDLA ESIPHEZULU SOPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA (SARS) ESINGADALULA KUZONA NGOKUSEMTHETHWENI ULWAZI OLUTHILE**

Ngokwezinhloso zesigaba 70(4) nangaphansi kwesigaba 257 soMthetho Wezentela Wezi-2011, mina, Pravin Jamnadas Gordhan, uNgqongqoshe Wezezimali, ngalokhu nginquma kwiSheduli ephelezela lesi saziso, izinhlaka zombuso nezikhungo isiphathimandla esiphezulu soPhiko Lwezokuqoqwa Kwentela eNingizimu Afrika (SARS) esingadalula kuzona ngokusemthethweni ulwazi okukhulunywe ngalo esigabeni 70(4) salo Mthetho.

Lo mthethonqubo, kusukela ngosuku oshicilelwa ngalo, uthatha indawo yoMthethonqubo No. 93 no-94 owashicilelwa kwiGazethi kaHulumeni No. 37308, yamhla ziyishumi nane (14) kuNhlolanja 2014.

**P J GORDHAN**
**UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI**

# ISHEDULI

**Uhlu lwezinhlaka zombuso noma izikhungo:**

1. Umasipala osungulwe ngokwesigaba 12 soMthetho Wezinhlaka Zomasipala (Kohulumeni Basekhaya), 1998 (Umthetho No. 117 Wezi-1998).
2. IKhomishana Yokubhalisa Izinkampani (CIPC) esungulwe ngokwesigaba 185 soMthetho Wezinkampani, 2008 (Umthetho No. 71 Wezi-2008).
3. Umnyango Wezasekhaya.
4. Isikhungo Sokuphatha Ezezimpesheni Kuhulumeni esisungulwe ngesiMemezelo No. 10 samhla zingama-26 kuNdasa 2010, esashicilelwa ngokwesigaba 7A(4) soMthetho Wezemisebenzi Kahulumeni, 1994 (Isimemezelo No. 103 Sowezi-1994).

This gazette is also available free online at **www.gpwonline.co.za**